bookdash.org

Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative volunteers to create new African storybooks that anyone can freely print, translate and distribute. Then we work with partners to give those books to preschool children to own.

To find out more, and to download beautiful, open-licensed, print-ready books, visit bookdash.org.

*Imidlalo yezinkawu*
*(Monkey Business)*
Illustrated by Brice Reignier
Written by Magriet Kruger
Designed by Wilna Combrinck
Translated by Lungile Mbhele
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 14 October 2023.

ISBN: 978-1-77623-124-9

**This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).**

You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use. No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.





Endle, kunezilwane eziningi ezahlukahlukene:

**ezinkulu** nezincane,

***ezigijima ngesivinini***

**nezinwabuzelayo** nje.

Kodwa isilwane ngasinye sineqhaza laso esilibambile.



Izindlovu zinamakhala amade abizwa ngokuthi imiboko ezikwazi ngayo ukuhogela lapho kunamanzi khona. Zikwazi ukuthola amanzi nalapho kunzima ngisho ukubona khona.

Futhi lapho sezikwenzile lokho, ziyampongoloza zitshele abangani bazo:

**pu-pu-pu-pu!**

Obhejane bathanda ukwenza
izinto ngendlela efanayo.
Balandela izindlela ezizodwa

**njalo**

**futhi**

**njalo,**



bese benza imizila ebanzi njengoba

**behlofa** ezikhotheni.



Izimvubu zizithandela ukudla utshani obumnandi, obuluhlaza, futhi obuningi.

**Zihlafune-zihlafune-zihlafune.**

Zigcina utshani obuseduze nomfula bubufushane ukuze kube lula ukufinyelela emanzini.



**Kodwa ngabe izinkawu zona zenzani?**

O, izinkawu zinomsebenzi **obaluleke** kakhulu.



Kusukela liphuma ilanga
kuze kube liyoshona, zihlezi
zimatasatasa –

**zinwabela, zigingqeka futhi**

zicinga ukudla.



Izinkawu zikwazi ukulenga
ezihlahleni ngezinyawo,
zibuke umhlaba zibheke

phansi.

## zishwibeka

zisuka kuleli gatsha ziye kwelinye
zihamba ngazimbili, ngazintathu
noma ngazine ngesikhathi.

**Yeka ubumnandi obulapho!**



Unina wezinkawu angakwenza konke lokhu isijwana sakhe sibambelele esiswini sakhe. Izinkawu ezincanyana zona zibonani ke

**lapho phansi?**





Uma zifuna isidlo nje esilula,

**izinkawu ziziceoshela**

amazenze emihlane yabangani bazo.



Kuthi lapho kushisa futhi zikhathele,

zitshuze okwenganono

zitshuzela emanzini.



Yimuphi umsebenzi obalulekile wezinkawu? Zidlala usuku lonke.

**Kanti lokho kungumsebenzi onzima!**

